## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

Ukuveza obala • Izibophezelo • Ukubonisana • Ukuzibophezela nokwethembeka



# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Amazwi kaMeneja kaMasipala | 07 |
| Ukwethulwa kweBlue Drop | 09 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 10 |
| Ihloma iyahlasela iHarry Gwala ukulwa nezidakamizwa | 12 |
| Umbiko wokwedluliselwa kwephrojekthi | 15 |
| Umhlangano WoMkhandlu | 18 |
| UMeya waseHarry Gwala Mayor uncoma ubumqoka babaxhumanisi | 20 |
| Amakhansela aqeqeshelwa ukubuswa komasipala | 22 |
| IKhomishini Yabesimame ibe nesigcawu samasu okuhlelela ukuhlomisa amakhansela esifazane esifazane | 23 |
| UMasipala Wesifunda iHarry Gwala neHGDA balekelela amabhizinisi asafufusa | 24 |
| ISifunda iHarry Gwala iqinisa ubudlelwano noMnyango Wezohwebo Nezimboni ukulwa nobubha | 26 |
| IHarry Gwala ibambisana ne-IEC ukubungaza iNyanga Yabesifazane | 27 |
| Kufakwe  ama-alamu okuqaphisa umphakathi waseShayamoya uma kusha umlilo | 28 |
| Imfundo iyikhono elidingakalayo ekuletheni intuthuko emphakathini | 29 |
| I-HGDM Forum yethulwa kabusha | 30 |
| Izimbali zeHarry Gwala zilokhu ziqhakazile | 31 |
| “Qhubekani nilokhu nisenza siziqhenye” | 32 |
| Umsebenzi nokudlala kuba ngcono futhi kuyintakaso enkulu | 33 |
| UMeya uNxumalo uthi: “Sizoshaya uphawu olungasoze lwacima” | 34 |

# Ke nako... Bhalisela ukuvota, kuyinto enhle ongayenza



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

KUJABULISA kakhulu nemfudumalo ukunamukela kulolu shicilelo lonyakamali wezi-2023/24. Siyanibonga ukuthi nilokhu niqhubeka ukuba ingxenye yomndeni wethu kulo nyaka wezimali futhi sethemba ukuthi sizoqhubeka nokubambisana.

Leli bhukwanambiko likhishwa njalo ngezinyanga ezintathu ngenhloso yokubika ngenqubekela phambili ngokuhlinzeka ngezinsizakalo neminye imisebenzi uMasipala wethu oyibeka eqhulwini.

Kuyajabulisa ukubika ngokuphumelela nochunge lokuxhumana futhi sibe nababambiqhaza abaningi, kusukela kuhulumeni omkhulu kuya ezinhlanganweni ezithuthukisayo. Siholwa yiHarry Gwala Development Agency sibe nomcimbi osukulunye eXobho ogxile ekuthuthukiseni umnotho waseHarry Gwala kanye nokukhulisa umunxa wamabhizinisi ngokuthuthukisa zonke izakhamuzi ezinamakhono ehlukile emikhakheni yabo. Konke lokhu kwenzeke ngenxa yokusebenzisana neminyango kahulumeni eminingi nezinhlangano zomphakathi nezimboni njengoMnyango Wezohwebo, Izimboni Nokuncintisana, iHarry Gwala District Agency, namabhizinisi endawo. Amabhizinisi endawo ahlomile ngeminikelo yezimpahla ngomusa iHarry Gwala District Agency noMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

Ukugubha iNyanga Yabesifazane sibambisane ngempumelelo neKhomishini Yokhetho Ezimele ukuhlonipha nokugubha ukuzibandakanya ngobuqhawe kwabesimame emphakathini wethu ngokubahlomisa ngolwazi emisebenzini eminingi kubandakanya nokusebenza kwamazinga omathathu kaHulumeni. Izintombi namatshitshi baseHarry Gwala bagubhe lenyanga kamnandi ngesikhathi bebuthana emkhankasweni iBehavioural Change Campaign for Maidens, ebise-Underberg ihlose ukubafundisa ngobumqoka bokugcina isiko lobumsulwa liphila.

Ngentshisekelo yokuthuthukisa ukuphila kahle, ukwakha nokusimamisa ubudlelwano nokukhuthaza umoya wokusebenza, ithimba laseHarry Gwala libambe iqhaza emqhudalwaneni uMngeni Sports Tournament obubanjelwe eStanger. Iqembu labesifazane levolibholi laseHarry Gwala liphume endweni yesibili kowamanqamu. Siyazibongele izisebenzi zabesifazane ngokwenza kahle kule miqhudelwano.

Siyathokoza ukubika ukuthi sisingathe ngempumelelo iLocal Government Communicators Forum Conference ebise-Underberg ngaphansi kukaMasipala Wendawo iDr Nkosazane-Dlamini. njengeSifunda siyaziqhenya ngokusingantha umcimbi osezingeni eliphezulu kangaka. Sibonga abaphathi nabaholi baseHarry Gwala ngokweseka kwabo lo mcimbi. Ngaphezu kwalokho sibe neSithangami Sabaxhumanisi Besifunda ebesibanjelwe kuMasipala uMzimkhulu.

Siyethemba ukuthi unyakamali ozayo uzoba onezithelo ezinhle futhi sinxusa zonke izakhamuzi ukuba zenze umehluko kulolukhetho oluzayo ngokuba ziphume ngobuningi bazo ziyobhalisela ukuvota ukuze kube lula futhi kube nokhetho olunobulungiswa. Ukuba yingxenye yokhetho kungenye indlela yokudlulisa umyalezo wakho.



**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOLUNTU (PRO)

**UNKSZ UTHABISILE NZIMANDE**
ITHWASA KWEZOKUXHUMANA

**UMNU ULINDOKUHLE CHILIZA**
OMELE I-GOVERNMENT COMMUNICATIONS AND INFORMATION SYSTEMS (GCIS) EHARRY GWALA

**UNKSZ UFEZILE MNGONYAMA**
ITHWASA KWEZOKUXHUMANA

# Kuyafinyeleleka kuHulumeni wethu

**Inyanga Yabesifazane. IMbokodo**

LOLU shicilelo lwebhukwanambiko lethu luza nje lunyathela eduze emveni kweNyanga Yabesifazane (uNcwaba) ebaluleke kakhulu egujwa izwe lonke. Okubuhlungu wukuthi sibungaza iqhaza labesifazane lokukhululwa kwabo ezweni lethu ekugutshuzelwe yifu elimnyama ngokutholakala kwesidumbu sikaBusisiwe Ngubo obeneminyaka engama-35 okusolakala ukuthi wabulawa yisoka lakhe eliyiphoyisa. UBusisiwe Ngubo bekulindeleke ukuba abelethe amawele amaethathu. Isidumbu sakhe sitholakale eduze kwendlela eya ekhaya kubo EHlanzeni eXobho. Esinye sezibonelo esinyantisa igazi izakhamuzi ezingabesifazane ezibhekana nazo nsuku zonke. Ukubulawa kukaBusisiwe Ngubo namawele amathathu abewathwele kushaqise wonke umuntu kelesi Sifunda sethu, esifundazweni nasezweni lonke. Yichilo leli futhi kuthunaze hhayi iSifunda sethu kuphela kodwa izwe lonke. Ngempela sidinga ukwenza kangcono singamadoda. Lesi sigameko singelinye ikhwelo kubo bonke abesilisa ezweni ukuba benze kahle, bavikele abesifazane nezingane, eqinisweni lonke bangamadodakazi ethu, odadewethu, amakhosikazi ethu, obabekazi bethu, abashana bethu, omama bethu, ogogo bethu futhi bayizimbali zezwe. Asisukumeni njengamadoda alesi Sifunda futhi sibe yisibonelo ekutholeni izixazululo zokuqeda udlame lobulili, sikusiphule nezimpande zakho kungasali lutho.

Emndenini kaBusisiwe Ngubo, ngidlulisa indunduduzo ngenhliziyo yami yonke. Kuzo zonke izisulu zokuhlukumezeka ngodlame lobulili ngizwelana nani futhi ngiyaxolisa ngodlame olunehlele ngezandla zabesilisa bethu. Lokhu kuwubudlwembe obuvela kwabesilisa abahlukumeza abesifazane nezingane. Kuyenyanyisa futhi ukuze kuphele kufanele sibumbaneni. Uma kunesidingo kufanele bagagagulwe esidlangaleni bonke abahlukumezi, sekwanele. Kufanele sincome amaphoyisa abophe umsolwa odabeni lukaNgubo. Nokho kuyadumaza ukuthi umsolwa kulolu daba uyiphoyisa. Ngumuntu esilindele ukuthi kube nguyena ovikela abesifazane ezweni lethu. Siyethemba ukuthi ubulungiswa buzokwenzeka kulolu daba.

Sisekuyona iNyanga Yabesifazane, izwe lethu liqhubekile lagubha iqhaza elabanjwa ngabesifazane ekukhululeni leli lizwe lethu. Iqhaza labo ngeke futhi alisoze lashabalala. Abesifazane bayinzalabantu. Amandla abo ayamangalisa, ukubekezela kwabo akunciphi kufanele sihlale sibadumisa futhi kube mandla ngeNyanga Yabesifazane. Siyabonga mbokodo! Siyabonga zimbali zesizwe ngenakwenza ukukhulula isizwe.



**UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo**

**Lokhu kuwubudlwembe obuvela kwabesilisa abahlukumeza abesifazane nezingane. Kuyenyanyisa futhi ukuze kuphele kufanele sibumbaneni. Uma kunesidingo kufanele bagagagulwe esidlangaleni bonke abahlukumezi, sekwanele.**

**UMandulo iNyanga Yezokuvakasha**

INyanga Yezokuvakasha ibungazwa ngoMandulo minyaka yonke ezweni lethu. Inhloso yokugxila



**UMhlonishwa uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo emhlanganweni woMkhandlu lapho abethula khona umbiko.**

kulesi siqhubimnotho eNingizimu Afrika ukugqamisa ezokuvakasha ezinhlobonhlobo zezwe lethu okuletha abavakashi nezihambeli ngokufana. Ngaphezu kwalokho sihlonipha inyanga yezokuvakasha ukugqamisa umnikelo osemqoka walo munxa emnothweni wendawo nokwakhiwa kwemisebenzi.

INyanga Yezokuvakasha ngokuMasipala Wesifunda iHarry Gwala ayihlinzeki inkundla yalabo abezokuvakasha ezingeni lendawo kuphela kodwa ihlinzeka thina ngethuba lokubheka lokho osekuzuziwe ebunjalweni bethu obehlukile.

Indikimba yalo nyaka yoSuku Lokuvakasha Lomhlaba, olugujwa mhla zingama-27 kuMandulo, ithi: "Utshalomali Ezitshalweni naKwezokuvakasha." NjengeSifunda sinezinto zethu ezahlukile ezihehayo kusukela ezokuvakasha zezitimela, ezokokuvakasha ezahlukene, sineSani Pass, sineMount Currie Nature Reserve, sineGiant's Cup Trail Rail, sineBushmen's Neck Park ukubala okumbalwa.

ISifunda noMasipala abangaphansi kwaso bakulungele ukwamukela izivakashi ukuba zijikajike ngeNyanga Yezokuvakasha yezi-2023.

### Ihhovisi likaNdunankulu waseKZN livakashele iHarry Gwala

Sengivala ngibonga uNdunankulu uMhlonishwa uNkk Nomusa MaDube Ncube nehhovisi lakhe ngokusivakashela kwiMbizo ebikulesi Sifunda sethu. Ibihlangene ngoNcwaba futhi bekuyithuba elisemqoka ezakhamuzini zoMasipala beSifunda ngesikhathi bekhuluma noNdunankulu nabo bonke aBaphathiswa kuHulumeni wesifundazwe.

Lezi zingxoxo zisemqoka ekutheni iminyango kaHulumeni iyona ephethe izinhlelo ezithinta impilo yabantu bethu kubandakanya imfundo, impilo nenhlalo; imisebenzi enjengeyezolimo nemigwaqo; kanye nokuhlaliswa kwabantu.

Njengengxenye yokuqinisa ubudlelwano beminyango kaHulumeni lezi zimbizo zisemqoka ekuqinisekiseni ukuthi izikhalazo ziyezwakala futhi zidlala indima enkulu ekukhombiseni ukuthi uHulumeni wethu uyafinyeleleka kuwo wonke amazinga abantu esibahlinzekwa uHulumeni ngezidingo.

# Ukubusa okuhle kudinga ukuba kuthuthukiswe ukuhlonipha ukusebenza komthetho



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

NJENGOBA siqala unyakamali oqale mhla lulunye kuNtulikazi wezi-2023, Ngamukela yonke imiphakathi kuleli Bhukwanambiko Lesifunda iHarry Gwala. Ushicilelo lwethu luphuma njalo emveni kwezinyanga ezintathu okugcina kungamabhukwanambiko amane minyaka yonke.

Njengoba leli liwushicilelo lokuqala lizobheka inqubekela phambili yezinyanga ezintathu kubukwa okumqoka okulethiwe kanye nezinhloso ezibekwe uMasipala Wesifunda.

Ibhukwanambiko liyinkundla esetshenziselwa ukubika nokuletha ulwazi kubabambiqhaza nasezakhamuzini, ikakhulukazi ngezinsizakalo zamanzi nezindaba eziphathelene nokusebenza kwethu okunqala.

Mayelana nekota yokuqala kusemqoka ukubheka izindawo ezintathu ezibalulekile okuyilezi: Ukubusa Ngokufanelekile, Ukusebenza noKuzibophezela Ngokubika.

Njengoba sonke sazi ukuthi sikukota yokuqala yonyakamali futhi vele sesisemgudwini wokusebenzisa izinhlelo namaphrojekthi kulandela ukuvunywa kwesabelomali sikamasipala esifakazelwe emhlanganweni woMkhandlu ngaphambi kokuphela konyakamali ofile. Isabelomali sikamasipala sethu sihlonzwe ukuba yizigidi ezingama-R927.3 okungokokuqala esikhathini eside ukuba lokhu kuhlonzwa kuzuzwe.

Ukusetshenziswa kwesabelomali kudinga ubuholi obuqotho futhi obunamathela ezinhlosweni zikamasipala okuhambisana nemigomo yokubusa ngokufanelekile.

Ngaphezu kwalokhu baxhumene neNew Partnership for Africa's Development (NEPAD), eyinhlangano eqhuba uhlelo lomnotho nenhlalo ngokwe nhlangano i-African Union (AU), ekhuthaza izinhloso eziqondiswe ekuqedeni ububha, ikhuthaze ukukhula okusimeme nokukhulayo, ukudidiyela izwekazi i-Afrika emnothweni womhlaba, nokuphuthumisa ukuhlonyiswa kwabesifazane.

Ukugcina imigomo yokubusa okufanelekile kudinga ukukhuthaza ukuhlonipha umthetho nokusebenza kwawo ukuqinisekisa ukuhi umasipala wethu ulokhu uyisakhiwo esibeka konke obala futhi esizibophezele ekubikeni ngokuba nezisebenzi ezinolwazi, ukugcizelela ukuhlanganyela nokuzibandakanya ngokulinganisekayo, ikakhulukazi ekuthatheni izinqumo, ukugxilisa isiko ledemokhrasi, ukuthula nokuphepha futhi okuyikho nokufanelekile.

Ngokwemigomo engumongo yeNEPAD, imihlangano yoMkhandlu ibanjwa ngezinsuku ezivunyiwe okubalwa khona nezakhiwo ezibandakanyekayo iSigaba 79 Samakomidi, iKomidi Locwaningomabhuku. amaDistrict IGR Forum kanye namaDDM Clusters kubandakanya amaTechnical and Political Hub.

UPhiko lwe-Risk Management Unit lubheka izindlela ezidingakalayo ukuqinisekisa ukuthi uMasipala usebenza ngokufanelekile esimweni esikhuthaza ukungabi nenkohlakalo nokukhwabanisa. Imikhankaso nezinhlelo okuxwayisayo kuyahlelwa kwenziwe ukuze kbe nemiphumela emihle yokuphatha futhi okusemqoka ukuvimbela ukukhwabanisa nenkohlakalo

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISikhulu Esiphezulu Sezezimali



**UNKS UNTOMBIFUTHI NOMVUSELELO FORTUNATE BUTHELEZI**
Ezenhlalakahle Nezokuhlela Intuthuko



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
Izinsizakalo Zengqalasizinda / uMqondisi Obambile: Izinsizakalo Zamanzi



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
Ezabasebenzi



**UMhlonishwa uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo noMenenja KaMasipala uMnu uG.M Sineke ngaphambi kokuthi bangene emhlanganweni woMkhandlu.**

kuMasipala.

Ukuhambisana nokuzibandakanya komphakathi, uMasipala wethu wakhe uhlelo lokusebenza kwe-Public Participation elawula ukusebenza kwe zinhlelo zokuzibandakanya komphakathi. Isabelomali esivunyiwe futhi sikamasipala sikhombisa imibono ehambisana nemigomo yokuzibandakanya komphakathi okuqoshwe kuMthethosisekelo wezwe nasemthethweni iMunicipal Systems Act.

UMasipala Wesifunda unohlelo lokuphatha izimali oluhle ukuhlangabezana nezidingo zokubusa okufanelekile. Izitatimende zezimali ezicwaningiwe zihlala zethulwa ngesikhathi kuwo uMnyango Wezngcebo Wesifundazwe. Uphiko oluphatha uchunge lwezinsizakalo luzama ukuthi lube nomthelela futhi lusebenza ngasosonke isikhathi.

ISifunda sakhe uhlelo lokuphatha komasipala oluqinile ngokulangazelela nokuba nogqozi lokuba yinhlangano ephuma phambili. Izikhundla zokuphatha eziphezulu zigcwalisiwe ngaphandle kwesisodwa soMqondisi Omkhulu kwaWater Services esizogcwaliswa maduzane njengoba izihlelo zokuqasha ziphothuliwe.

ISifunda siqeqeshe aMakhansela amaningi nabasebenzi ezinhlelweni zokubahlomisa ngolwazi ukuze kwakheke futhi kuqine amakhono ehlukene.

Ukubusa okufanelekile nakho kudinga uMasipala ukuba abe nesithangami sokuxoxa nezisebenzi okuyikhona okwenza uMasipala abe neSithangami Sezisebenzi Zendawo esinomthelela nesisebenzayo.

Sahluko 6 seLocal Government Municipal Systems Act, njengokusho kweSigaba 38 eKupathweni Kokusebenza, kudinga omasipala ukuba bakhe uhlelo lokulawula ukusebenza kuhambisane nokutholaka kwezinto zomsebenzi, zimo ezifanelekile futhi ezihambisana nokuseqhulwini nezinhloso, izinkoma nokuhlosiwe njengoba kukhona kulo uHlelo Lwentuthuko Oludidiyelayo (IDP).

Ngokuhambisana nokuhlinzekwa nezintshisekelo zokubusa ngokufanelekile izinhlelo zokulawua okusebenza zethu ziqiniswe yindlela yokudlulisa i-Individual Performance Management (IPMS). Inhloso ukubona ngokuphelele ukusebenza okuhle nokubhekana nemiphumela yokungasebenzi kahle. Ukubeka eqhulwini izinkomba zokusebenza okusemqoka kuba yisilinganiso sokukala ukusebenza kukamasipala okuzofaka imiphumela nomthelela.

Ukulinganiseka kokusebenza okuhlosiwe sekubekiwe kulokho okuseqhulwini nokuhlosiwe. kunethemba lokuthi lokhu kuzoba nemiphumela ekusebenzeni jikelele kukaMasipala.

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika ufuna omasipala bahlinzeke imiphakathi yendawo ngohulumeni wentandoyeningi nokuzibophezele emphakathini abawusebenzelayo. ISigaba 152 uhlinzeka ukuzibophezela ngokwedemokhrasi ukuqinisekisa ukuthi izinsizakalo ziyalethwa emiphakathini ngendlela esimeme.

Ukuthobela iSigaba esikhuthaza ukubandakanyeka kwemiphakathi nezinhlangano zawo ezindabeni zikahulumeni wendawo, emihlanganweni edidiyela uMkhandlu emihlanganweni yawo ovulekile, simema umphakathi ngokukhipha izaziso zomkhandlu ukuqinisekisa ukubusa okulindelekile nokuba sobala..

Kulo nyakamali oveli usuqalile sizolwela ukuqinisekisa ukuthi asichezuki emthethweni ebekiwe elawula ukusebenza kohulumeni bendawo futhi ngokwenza kanjalo sizothembeka emisebenzini yokuqinisekisa ukuthi imiphakathi yethu iyahlomula kithina sonke esiqashwe nguMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

Ngiyethemba nizozijabulela izindaba eziningi ezahlukene eziqukethwe kulo iBhukwanambiko lethu lekota yokuqala. Ngiyabonga.



# UKWETHULWA KWE-BLUE DROP

UHLELO iBlue Drop Certification (BDC) ludlulisa umthetshwana owethulwa uMnyango Wezamanzi Nenhlanzeko ngenhloso yokubuyisa ithemba emphakathini ngokuba namanzi asezingeni eliphezulu ezimpompini, ngokuba kuqiniskiswe izinga lamanzi kubo bonke omasipala.

Uhlelo iBlue Drop luhlonza futhi luthuthukise amandla okwenza angumongo adingeka emunxeni wamanzi azoqinisekisa ukuthuthuka kancane kancane nokusimama ekuphathweni kwamanzi okuphuza eNingizimu Afrika. Uhlelo iBlue Drop luwuhlobo lomtheshwana oluzimisele ngokulumbanisa usizo oluvela komasipala, kosomabhizinisi, kuwo uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi nasezinhlweni zikaHulumeni ezikhona kumanje ukulekelela izinhlelo zinikeza ukugxila, ukuzibophezela nasekuhleleni okulindelekile ukuze kuzuzwe ubuhle ekuphathweni kwamanzi okuphuza. IBlue Drop Assessment isilekeleli lapho umthetshwana ogxile ekukhuthazeni nasebungcupheni uqhutshwa eNingizimu Afrika. Inqubo iBlue Drop yasungulwa abakwaDWS njengabalawuli ukufaka ugqozi omasipala ukuba bahlinzeke imiphakathi ngamanzi amahle aphuzekayo.

Inqubo iBlue Drop ilinganisa futhi iqhathanise imiphumela kweZikhungo Zezinsizakalo Zamanzi (omasipala) futhi ibuye iklomelise noma ijezise isikhungo esinobufakazi bokuthi sisebenze kahle noma sehlulekile ngokwamazinga noma ngokwezidingo okulindelekile okuchaziwe. Ukwazi ngokusebenza kwalokh kutholakala ngengcindezi evela kubasebenzisi bamanzi, ezokwazisa, osopolitiki, osomabhizinisi nezinhlangano ezingenzi nzuzo amaNGO. Iqhinga lizungeza ekuhlonzeni omasipala omisebenzi yabo isivivi abahlala njalo belungisa amaphutha, futhi behlala befaka ukuncintisana komasipala kanye nokuhlala usebenzisa imakethe lapho ukuncintisana kunzima khona ukuba kwenzeke.

Uhlelo iBlue Drop lutholakala eNingizimu Afrika kuphela futhi luqonde ukubhekana nezinselelo zezinga lamanzi. Uhlelo iBlue Drop lufuna ukufaka uguquko lokuziphatha kubantu nasezikhungweni ukuphuthumisa ukuthuthuka okusheshayo nokuphatha okuhle kanye nokuthambekela uchunge ulumqoka lwamanzi okuphuza okuwukumoma, ukwelapha, ukuwahambisa, ukusabalalisa nokuwasebenzisa. Yingakho, uMlawuli ebe esebona futhi aklomelise iZikhungo Zezinsizakalo Zamanzi ezithuthuka futhi zisebenze kahle ngokuthuthukayo ebe efaka ezingasebenzi kahle ngaphansi kweso lokhozi ezilawula. Umbiko wamabhuku weBlue Drop 2023 kufanele ukuba uphume maduze futhi uzonikeza ulolo olunemininingwane oluzosiza iZikhungo Zezinsizakalo Zamanzi ukuba zigxile ekubuyiseleni ukusebenza kwezinhlelo zokuhlinzeka ngamanzi futhi nokuthuthukisa izinga lamanzi okuphuza.

Ukuhlolwa kweBlue Drop kugxile kuo lonke uchunge lobumqoka (umthombo, ukumpompa, ukuhlanza, nobuxhakaxhaka bamapayipi) lomsebenzi wamanzi okuphuza emsebenzini wokuhlinzeka amanzi kamasipala.  Ukuhlola kweBlue Drop Risk Rating (BDRR) kugxila ezindaweni ezinobungozi ekuhlinzekeni ngamanzi. Le ndlelakwenza yakamuva iwuhlobo lo mtheshwana osekelwe ngobhekela ubungozi okuvumela umasipala ukuba ahlonze abuye abeke eqhulwini izindawo ezinobungozi enqubeni yamanzi aphuzwayo bese uthatha izinyathelo zokulungisa ukuze kudanjiswe lesi simo. Uhlaziyo lobungozi lusetshenziswa uMnyango Wezamanzi Nenhlanzeko ukuhlonza, ubale ubuye ulawule ubungozi ngokubheka umthelela empilweni yabantu ubye uqinisekise imitheshwana yomasipala yobungozi ebekwa eqhulwini futhi ekuqondiswa kuyo. Ubungakokubala beBlue Drop bukhombisa isimobunjalo somsebenzi wamanzi ophelele esikhthini esiyizinyanga ezili-12 kuhambisane nokuhlolwa kweBlue Drop okugcwele, kanti iBDRR yona igxile ezinkombeni ezithile ngesikhathi esithile.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ibambe iqhaza kuBlue Drop Assessment nakuBlue Drop Risk Rating. UMasipala Wesifunda iHG ubuye uqikelele ukuhambisa umbiko ngenqubekela phambili ngobungozi obuhlonziwe. Oshicilelweni lwakamuva lweBlue Drop Progress Report 2022, uMasipla Wesifunda iHarry Gwala ube ngomunye womasipala esifundazweni iKZN ohambise umbiko wenqubekela phambili mayelana nokudamba kobungozi ekuhlinzekeni amanzi. Amaphesenti angama-36.6 eBDRR akhombisa ngokusobala ukuthi umasipala wenza kangcono ukudambisa ubungozi bamanzi aphuzwayo. Embikweni zintathu kuphela izinhlelo ezihlinzeka amanzi ezidinga umsebenzi omningi ukudambisa ubungozi.



**UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ube neMbizo yeHhovisi LikaNdunankulu lapho uHulumeni ehlome wahlasela ukulwa nezidakamozwa nokusetshenziswa kwazo budedengu. Angaphezu kwezi-5 000 amalungu omphakathi ahambele umcimbi obe yimpumelelo. Kulo mcimbi aMakhansela Endawo neZimeya banconyiwe ngoqinisekisa ukuthi izinsizakalo ziyahlinzekwa kulesi Sifunda.**

# Ihloma iyahlasela iHarry Gwala ukulwa nezidakamizwa

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala ubambisene nohulumeni wesifundazwe ngokusebenzisana neminyango, nababambe iqhaza esifundeni kubalwa nabaholi bomdabu sebeyihlomisile ihlasela izidakamizwa noksetshenziswa kwazo budedengu.

ABaphathiswa beminyango ehlukene beze belakanyana kulesi Sifunda kamuva ukuzoba yingxenye yeMbizo KaNdunankulu waKwaZulu-Natal ukulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa budedengu nokushushumbiswa kwazo okungekho emthethweni lapho bekhuluma nemiphakathi emicimbini eluvhunge.

UNdunankulu waKwaZulu-Natal, uNomusa MaDube Ncube akaphumelelanga ukuba yingxenye yeMbizo njengoba kade kulindelekile ngenxa yeminye imisebenzi kodwa ubemelwe uMphathiswa Wezezimali uPeggy Neliswa Nkonyeni.

UDkt. uNtuthuko Mahlaba, uMphathiswa woMnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko eKZN, obethunywe kuWadi 15 eMnywaneni eDonnybrook unikele isikhathi ukuhambela futhi ahloniphe impilo kaGogo uNokusho Ngcobo oneminyaka eli-105, owazalwa ngowe-1918, ngesikhathi sokuphela kwempi yokuqala yomhlaba. Impilo kaGogo uNokusho Ngcobo iqukethe umlando ongaphezu kwekhulu.

UDkt. uMahlaba, obungaze usuku lwakhe lokuzalwa ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokubungaza elikaGogo Ngcobo, oneminyaka engaphezu kweyikhulu edla anhlamvana.

Ngaphezu kweminyaka eminingi esidlulile uGogo uNgcobo uskwazi ukuzihambela okukhombisa Amandla okubekezela anawo. Echiphiza ezenjabulo uGogo Ngcobo ubonge uMhlonishwa uMahlaba.

Wathola abantwana abayisishiyagalombili abasaphila bonke, anabazukulu abangama-48 nabazukulwane abangama-78.

Eqhubeka nohambo lwakhe uMphathiswa uMahlaba udlulele eCreighton, lapho evule khona iCreighton Public Library iphrojekthi eyadla izigidi eziyisi-R6.5. Ugqozi lwentuthuko nokufunda kutholakala emtapeni wolwazi okuwumthombo wolwazi womphakathi.

Evula lesi sizinda sobuhlakani ukhulume nentsha eyikhulisa.

Uhlu losuku lomsebenzi wakhe lumholele esiteshini samaphoyisa lapho egxile khona embikweni wenqubekela phambili mayelana nemizamo yokuqeda ubugebengu nezindaba zezisebenzi.

UDkt. uMahlaba Inhloso yakhe enkulu bekungukuthola izinselelo nezisombululo embuthweni wamaphoyisa ekuqinisekiseni ukuthi umphakathi uphephile nasekuphileni ngokuhlalisana kahle emiphakathini.

UMphathiswa Wezolimo esifundazweni uMNuz Super Zuma benoMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo baqale

usuku ngokudlulisela emiphakathini yaseGxalingenwa eNkangala naseCentocow amaphrojekthi amanzi abiza ngaphezu kwezigidi ezingama-R50.





**Amalungu omphakathi abe nethuba lokusho okubakhathazayo nabakutusayo mayelana nokuhlinzekwa kwezinsizakalo ngesikhathi seMbizo KaNdunankulu ebisenkundleni yezemidlalo iGinyane kuMasipala Wendawo iDr. Nkosazana Dlamini Zuma. Bekukhona iZimeya zakulesi Sifunda, aBaphathiswa, iZimeneja Zomasipala, nezikhulu ezivela eMinyangweni, komasipala kanye Nababambe iqhaza.**

Lokhu bekuyingxenye yokwethula osonkontileka emiphakathini njengophawu lokuthi amaphrojekthi aseqalile ngokufanayo nokunikeza osonkontileka imihlahlandlela yokuthi bangaqinisa kanjani amaxhama nemiphakathi ngesikhathi besebenza amaphrojekthi.

UNhlonishwa uMeya uKhansela uNxumalo ukujabulelel ukwakhiwa kwesizinda sosonkontileka bobabili. Ngalesi sikhathi uMeya noMphathiswa badlulise izinto zokulima kwabahlomulile kule miphakathi njengengxenye yokukhuthaza nokuqhakambisa umqondo wokusimamsa ukudla, okuwuhlelo lwezivande emakhaya.

**Amakhowe**

Uhlelo luhlangane nebhizinisi yendawo yamakhowe lapho osekhulile wendawo uZinhle Elizabeth Xaba waseSibomvini eqale ibhizinisi yamakhowe.

UXaba uzikhonze kakhulu ezolimo oziphilisa ngokulima. Unebhizinisi lamakhowe eliphumelelayo asebenza kulo nomzukulu wakhe uNonduduzo.

Uyisibonelo esihle sokuthuthukiswa kwezokutshwalwa njengoba kufana nokuzigayela imali yakho encoma ukuthi akakaze alambe kulokhu aqala ukusebenza inhlabathi.

UMphathiswa noMeya bangenelele beqinisekisa ukwanda kwebhizinisi futhi badlulisela izinto zokusebenza ukweseka ibhizinisi lakhe.

**AMakhansela akwaWadi 8 no 15 anconyiwe**

Umphakathi waseNgwagwane kuWadi 15 lapho umcimbi omkhulu ububanjelwe khona eenkundleni yezemidlalo iGinyane, ugqamise umcimbi ngokuncoma amMakhansela. UWinneth Mtolo wakuWadi 15 noKhansela uMthobisi Dlamini wakuWadi 8 banconywe ngokuzimisela ukuhlinzela izidingo zemiphakathi abayimele ngakho konke oksemandleni abo.

AMakhansele anconywe ngesikharthi umphakathi unikezwa ithuba lokveza okubahluphayo okuphathelene nezinselela ekuhlinzekweni kwezidingo zomphaktahi. “Siyaziqhenya ngokuma lapha sibika ukuthi aMakhansela enza umsebenzi njengoba eyalelwa yithina emphakathini. Bayasilalela futhi bayasihlonipha kanti babhekana nazo izinselelo esinazo ngaso sonke isikhathi,” kusho elinye ilungu lomphakathi.

Bathe kungathi kungokuqala beba namakhansela kule ndawo.

UMphathiswa uZuma ukujabulele ukuthi kunaMakhansela angakhohlwa ukuthi afungela ini futhi azithobile besiza imiphakathi eyabafaka ezikhundleni.  Wengeze ngokuthi, odabeni lukaDlamini, oyimpumputhe, imisebenzi yakhe yedlula eyaMakhansela ayengakhubazekile nhlobo futhi ezibona izinselelo ezikhungethe umphakathi awuholayo. Wathi uDlamini uletha izinsizakalo angakwazi ukuzibona yena ngeso lakhe.

UZuma ukhuthaze abantu ukuba balandele ezinyathelweni zikaNkk Xaba ozibophezele kwezolimo. “NjengoHulumeni, ngeke sikwazi ukusiza wonke umuntu ngokwezidingo zenu ngamunye ngamunye, kodwa ukutshala kuzonisimamisa ngoba nizoba nokudla nidayise okuze nenze imali,” kusho uZuma.

Imiphakathi inikezwe izinto zokulima, imbewu kanye negrosa.







# UMBIKO WOKWEDLULISELWA KWEPHROJEKTHI




**Usonkontileka uselindele ukuqala iphrojekthi yokusabalalisa amanzi okunguPhase 2 eCreighton. Usonkontileka wethulwa emphakathini kanti umsebenzi uzoqala mhla lulu-1 kuMandulo 2023 futhi kulindeleke ukuba uphele mhla zizi-4 kuMandulo 2024.**

## IGAMA LEPHROJEKTHI

## iCREIGHTON WATER SUPPLY PHASE 2 – 1.4km GRAVITY MAIN & 1.4km RISING MAIN

**INombolo Yesivumelwano:** uHGDM 814/ HGDM/2023
**UMasipala Wendawo:** iDr Nkosazana Dlamini Zuma
**AmaWadi Ahlomulayo:** uWadi 05, 06, 08 & 14
**IZigodi Ezihlomulayo:** iCentocow, iKhukhulela, iCreighton neSt Apollinaris Hospital
**IMizi NaBantu Abahlomulile:** 2 940 imizi; 12 054 abantu
**USuku Lokwedlulisela:** mhla zili-17 kuNcwaba 2023

1. **Incazelo Yephrojekthi:** UKWAKHIWA KWEPAYIPI ELIKHULU ELINYUKAYO ELINGAMA-1.4KM UBUDE NOKUVULEKA OKUNGAMA-350mm NELINGAMA-1.4 KM UBUDE NOKUVULEKA OKUNGAMA-300mm LAMANZI ACWEBILE ADONSEKELA PHAKATHI KWECENTOCOW NOMSEBENZI WOKUMOMA AMANZI EMFULENI UMZIMKHULU NECENTOCOW.
2. **UMthengi:** UMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA
3. **IMeneja Yephrojekthi:** uMnu uSibonelo Memela
4. **ISihulu se-ISD:** uNks uYonela Masika
5. **UNjiniyela Olulekayo:** iZIMILE CONSULTING ENGINEERS
6. **INkontraki:** i-Africa Green Technology & Sanitation
7. **Oxhasa Ngezimali Zephrojekthi:** iMIG
8. INani: izi-R 19 884 629.86 kufaka iVAT nezinye izindleko
9. **ISikhathi Sephrojekthi:** izinyanga ezili-12
10. **USuku Lokuqala Umsebenzi:** 01 kuMandulo 2023
11. **USuku Lokuqeda Umsebenzi:** 04 kuSeptember 2024 (isilinganiso amasonto 2 weeks omhlanganowokuqalisa iphrojekthi)
12. **IBanga Lemisebenzi Yephrojekthi:**

- Ukukhiqiza, ukusabalalisa, ukuhambisa endaweni yomsebenzi, ukufaka nokujuba izinto zokusebenza emgudwini owodwa:
- ipayipi elicindezelwe ngokweDN350 PVCO Class 16-20 elingama-1.4km ubude
- Ipayipi uDN300 PVCO Class 16 elingama-1.4km ubude
- ISakhiwo Sesizinda
- Ukulingiswa kwesizinda sesibili
- Ukugujwa kwemisele yamapayipi
- Ukubekwa kwamapayipi nokuwamboza
- Ukuhlolwa kwamapayipi
- Ukubekwa nokuxhunywa kwamapayipi
- Ukukhanyisa, ukuhlanza nokubhidliza
- Ukulungisa zonke izindawo ezathinteka kusetshenzwa zibuyiselwa esimweni sazo sangaphambilini kanye nokuqala umsebenzi.
- Amavalvu amakhosomba
- Impambano migwaqo

13. **Ukukhetha neMisebenzi yePSC:** i-ISD kaHGDM isiza nezinqubo zokukhetha iPSC nohlahla imisebenzi. Amalungu ama-5 ePSC enza isiqiniseko ayasiza:
- Ekuhlaleni kwanyanga zonke kwemihlangano yePSC.
- Community engagements
- Ukusiza ngokutholakala kwezisebenzi
- Ukusiza ngokutholaka kosonkontileka abancane
- Ukuqinisekisa izisebenzi ziyakhokhelwa ngokuqoshwe emqulwini kahulumeni ovunyiwe

14. **Isikhathi semihlangano (Technical nePSC):** Kufanele ibanjwe nsuku zonke
15. **Ukuqasha okuqondiwe:** Abafundi, iCLO, Abanamakhono, Abanamakhonywana, Abangenamakhono, abakhubezekile nalabo ababencishwe amathuba
16. **INqubo Yokuqasha Nezidingo Ezincane Zomsebenzi:** i-ISD izoqinisekisa ngokukudlula kuPSC, kuCLO naseKhanseleni
17. **Uqeqesho Oluqondiwe:** Izisebenzi
18. **Osonkontileka Abancane Abaqondiwe:** Ngokomgomo weSCM
19. **Ukusetshenziswa Kwabehluleli:** Uma kwenzeka usonkontileka kwenzeka angawuqedi umsebenzi wamaphrojekthi kulokho okuhlosiwe ngaphandle kokunwetshwa kwesikhathi okugunyaziwe okungahlawuliswa ngokukhokhisa u-0,0005 x imali yesivumelwano ngonyaka.
20. **Isikhathi Sokulungisa Aamaphutha:** izinyanga ezili-12 emveni kokuphothula
21. **Ukulethwa Kwemidwebo Yokwakha:** Okuzodluliselwa kusonkontilekauma eseqokiwe ngesikhathi somhlangano wokudluliselwa.
22. **Ukusayinwa Kwayo Yonke Imiqulu Yesivumelwano:** izinsuku ezili-14 emveni komhlangano wesiqalisakusebenza.
23. **Ukuqoshwa Kwezimpahla kufanele kulethwe:** Kwezezimali ukuze kuqoshwe kuphelele.
24. **Ukulethwa kwe-O&M Plans & Procedure Manual:** Kufanele ikhishwe emveni kokuphothulwa.
25. **Izisebenzi Ezilekelelayo Ezidingeka Ekuqedeleni lePhrojekthi:** Ithimba labasebenzayo nabalekelelayo.
26. **Indlela yokukhokhela abahlinzeka izinsizakalo:** Ngokuqashwa kwabo.
27. **Ulwazi oludingekayo olungakwazi ukuchitha inkokhela yaBahlinzeki izinsizakalo.**
28. **Izinsuku Zenkokhelo Zezisebenzi kuphrojekthi:** Ngosuku lokugcina lwenyanga.



**UMeya Wesifunda iHarry Gwala benoMphathiswa Wezolimo KwaZulu-Natal uMnu. uSuper Zuma, bahambele osonkontileka bamaphrojekthi amanzi azoqala maduzane.**

### IGAMA LEPHROJEKTHI

## iGREATER SUMMERFIELD WATER SCHEME: UKUVUSELELWA NOKUTHUTHUKISWA KWEMISEBENZI YOKUMOMA AMANZI EGREATER SUMMERFIELD NESITESHI SOKUPOMPA AMANZI KUMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA

**INombolo Yomsebenzi:** iHGDM812/HGDM/2023
**UMasipala Wendawo:** UMASIPALA WENDAWO UMZIMKHULU
**AmaWadi Ahlomulayo:** iWadi 15, 17, 20 no-21
**IZigodi Ezihlomulile:** iMadakeni; iHighlands; iHopewell; iStrangersrest; iKroemhoek/Magqagqeni; iNtshabeni; iNkungwini; iTembeni; iTembeni East; iTembeni West; iTembeni West Ext; iWaschbank; iTafeni; iTafeni Main; iTafeni Ext; iChamto; iVukuzimele; iMastela; iDiepkloof; iDiepkloof Main; iDiepkloof Ext; iThornbush; iLong Clove; iSummerfield; iMlaza; iGceni; iGcebeni;



**UMphathiswa Wezolimo KwaZulu-Natal noMeya Wesifunda iHarry Gwala nezikhulu bahambele isizinda sephrojekthi yamanzi ukuhlola inqubekela phambili.**

iPhuma-muncu; iMathathane; iBlema.
**IMizi NaBantu Abahlomulile:** 4 097 imizi; 34 191 abantu
**Izinga Lezinsizakalo:** USuku Lokudlulisela Isizinda: zili-17 kuNcwaba 2023

1. **Ukuchaza iphrojekthi:** Ukuvuselela nokuthuthukisa imisebenzi yokumoma amanzi
2. **UMthengi:** IMeneja Yesifunda iHarry Gwala
3. **IMeneja Yephrojektha:** uMnu. uSibonelo Memela
4. **ISikhulu se-ISD:**
5. **UNjiniyela Olulekayo:** iZimile Consulting Engineering
6. **INkontileka:** iSihlahlasiya'hluma Construction
7. **Oxhasa Ngezimali Zephrojekthi:** iMIG
8. **INani:** izi- R 35 223 739.72 kufaka iVAT nezinye izindleko
9. **Ubude bephrojekthi:** 12 months
10. **USuku Lokuqala Umsebenzi:** 31 kuNcwaba 2023
11. **USuku Lokuqeda:** Kusazmenyezelwa ngokohlelo lokwakha oluvunyiwe
12. **IBanga Lemisebenzi Yephrojekthi:** Ukuvuselela nokuthuthukisa ukumoma amanzi angakanziwa lutho kubandakanya iziqukathi namaphampu amanzi aluhlaza, amapayipi, ukufaka ugesi, uhlelo lokubala, iziguquli nokusebenzisa u-Eskom Kanye nokwakhiwe ngokhonkolo.
13. **Ukukhetha neMisebenzi yePSC:** i-ISD kaHGDM isiza nezinqubo zokukhetha iPSC nohlahla imisebenzi. Amalungu ama-5 ePSC enza isiqiniseko ayasiza:
   - Ukuxhumana nomphakathi
   - Ukusiza ngokutholakala kwezisebenzi
   - Ukusiza ngokutholaka kosonkontileka abancane
   - Ukuqinisekisa izisebenzi ziyakhokhelwa ngokuqoshwe emqulwini kahulumeni ovunyiwe
14. **Isikhathi semihlangano (Technical nePSC):** Kufanele ibanjwe nsuku zonke
15. **Ukuqasha okuqondiwe:** Abafundi, iCLO, Abanamakhono, Abanamakhonywana, Abangenamakhono, abakhubezekile nalabo ababencishwe amathuba
16. **INqubo Yokuqasha Nezidingo Ezincane Zomsebenzi:** i-ISD izoqinisekisa ngokukudlula kuPSC, kuCLO naseKhanseleni
17. **Uqeqesho Oluqondiwe:** Izisebenzi
18. **Osonkontileka Abancane Abaqondiwe:** Ngokomgomo weSCM
19. **Ukusetshenziswa Kwabehluleli:** Uma kwenzeka usonkontileka kwenzeka angawuqedi umsebenzi wamaphrojekthi kulokho okuhlosiwe ngaphandle kokunwetshwa kwesikhathi okugunyaziwe okungahlawuliswa ngokukhokhisa u-0,0005 x imali yesivumelwano ngonyaka.
20. **Isikhathi Sokulungisa Aamaphutha:** izinyanga ezili-12 emveni kokuphothula
21. **Ukulethwa Kwemidwebo Yokwakha:** Okuzodluliselwa kusonkontilekauma eseqokiwe ngesikhathi somhlangano wokudluliselwa.
22. **Ukusayinwa Kwayo Yonke Imiqulu Yesivumelwano:** izinsuku ezili-14 emveni komhlangano wesiqalisakusebenza.
23. **Ukuqoshwa Kwezimpahla kufanele kulethwe Kwezezimali ukuze kuqoshwe kuphelele.**
24. **Ukulethwa kwe-O&M Plans & Procedure Manual:** Kufanele ikhishwe emveni kokuphothulwa.
25. **Izisebenzi Ezilekelelayo Ezidingeka Ekuqedeleni lePhrojekthi:** Ithimba labasebenzayo nabalekelelayo.
26. **Indlela yokukhokhela abahlinzeka izinsizakalo:** Ngokuqashwa kwabo.
27. **Ulwazi oludingekayo olungakwazi ukuchitha inkokhela yaBahlinzeki izinsizakalo.**
28. **Izinsuku Zenkokhelo Zezisebenzi kuphrojekthi:** Ngosuku lokugcina lwenyanga.




**UMhlonishwa uMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala wamukela abaxhumanisi baKwaZulu-Natal ababe yingxenye yeLocal Government Communicators Forum ebise-Underberg eSani Pass. UMeya uNxumalo enkulumweni yakhe yokwamukela ukhulume ngobumqoka bokudlulisa amasu kahulumeni emalangeni omphakathi.**

# UMeya waseHarry Gwala Mayor uncoma ubumqoka babaxhumanisi

UMEYA Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo uncome abaxhumanisi bakaHulumeni ethi; "Abanye abantu bangawuthatha kancane lo msebenzi njengoba ubukeka uwubuthebeleke bengabazi ubunzima bokwakha ubudlelwano nezizinda zezokwazisa ezehlukene nokuguqula izintatheli ezihlale zizimisele ukudicilela phansi sithunzi noma ukubeka kabi uHulumeni."

UNxumalo ukusho lokhu e-Underberg eSani Pass Hotel emhlanganweni iKwaZulu-Natal Local Government Communicators Forum.

Isithangami sihlose ukuqinisa nokwabelana ngolwazi kubaxhumanisi nokuthi kungenziwa ngcono kanjani ukutusa umsebenzi kaHulumeni kuyo yonke imiphakathi ngokusebenzisa izindlela ezahlukile zokuxhumana kubalwa nezintatheli kwezokusakaza, kwezamaphephandaba nezekuxhumana ngobuchwepheshe.

Akulula ukwenza lokhu, kusho uNxumalo, izindawo zezindaba zigcwele umqondo owodwa wezindaba ocishe ufane wokungagxili kwizindaba ezinhle ngohulumeni, okuthi uma kwenzeka ziba khona ezingezinhle ngohulumeni zithakwe futhi kunganikezwe olunye uhlangothi igunya lokuthi luphawule.

"Umsebenzi onzima kakhulu lona ukuguqula abezindaba ngezindaba zokuhlinzeka izinsizakalo, njengoba zibonakala njengezindaba ezingahehi ezingeke zenze amaphepha adayise kalula," kusho uKhansela uNxumalo.

Uthe izithangami zabezindaba zisemqoka kakhulu njengoba ukhetho seluseMome.

"Isithangami sisemqoka ngoba uzophuma lapha usonolwazi oluthe thuthu ekuqondeni ukuthi ungenza kanjani ukukhuthaza nokufundisa abantu ngobumqoka bokuvota njengoba kuyilungelo lwentandoyeningi lawo wonke umuntu ukuba azithathele isinqumo akhethe abaholi abathandayo," kusho uKhansela uNxumalo.

Kwengeza uNxumalo, uthe kusemqoka ukuba uHulumeni esebenzisane nabaxhumanisi, ukuze bezokhuthaza amalungu omphakathi ukuba abe yingxenye yentandoyeningi eyalelwa kanzima kuleli.

Lo mhlangano bekuwuhlelo lwezinsuku ezimbili obeluhanjelwe ngabaxhumanisi besifundazwe sonke.

Ngesikhathi sesithangami iSalga yethule izihloko ezahlukene lapho wonke umuntu obekhona ubenikezwa ithuba lokwabelana ngolwazi oluthinta izimo ezibucayi mayelana nezokuxhumana eNingizimu Afrika.

"Sizizwa sikhethekile ngokuhlonipha ngokuzithoba ukunamukela nonke kulesi sithangami esisingathwe iSifunda esihle njengoba sibona ubuhle bezingelengelezezintaba zoKhahlamba abaningi benu abazaziyo. UCOGTA usikhethele indawo enhle kuMasipala Wendawo weSifunda ukuhlanganisa imiqondo enzulu nezinkaliphi ukubunga kangcono ngamaqhingasu



**Abaxhumanisi abavela komasipala baKwaZulu-Natal bancome ukuphawula okwakhaya ngesikhathi bemukelwa uMhlonishwa uMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo.**

okuxhumana," kusho uNxumalo.

Umhlangano weLGCF ubusemqoka njengoba uzosiza ukucobelelana ngolwazi kontanga phakathi kwezikhulu ezibhekene nokuxhumana kubo bonke omasipala esifundazweni iKwaZulu-Natal.

"Siyethemba lesi sithangamo sizokwazi futhi silekelele abaxhumanisi abakhona ngezikhali ezibalulekile namaqhinga anqala ukuze balibambe kangcono iqhaza lokwazisa nokufundisa izakhamuzi komasipala babo. Njengabaxhumanisi kufanele nazi ukuthi iqhaza lenu lingelibucayi njengoba liyizibuko phakathi kwethu nosopolitiki, thina njengomasipala Kanye nophakathi ngobubanzi bawo," kusho uNxumalo.

Sisebenziseni lesi sithangamo ukunikezelana ngemiqondo esemqoka, okusungulwayo nangokusebenza ngendlela ekuphatheni izimo ezibucayi njezinhlekelele nemibhikisho.

UMeya uphethe ngokuthi: "Kusemqoka ukuqaphela ukuthi ukubandakanyeka

**Sikuqaphele ukuthi imali eningi iyadingeka ukuba yabelwe izinhlaka zokuxhumana zethu kubo bonke omasipala ukuze bezokwenza umsebenzi ngendlela**



kwemiphakathi yethu kubalulekile ekuhleleni kwethu nasemishikashikeni wokuhlinzeka ngezinsizakalo. Sihlala njalo Sakha izithangami lapho sixhumana khona nemiphakathi yethu ngaphezu kwalokho okubekwe imithetho yoHulumeni Bendawo. Ngaphezu kwalokho, kusekuniningi okuneka ukuba kwenziwe ukuqinisekisa ukuhlala kunokuxhumana eSifundeni sethu," kusho uMeya engeza ngokuthi kunokubopheka kwesabelomali iminyango yezokuxhumana ebhekana nakho kuyo yonke iminxa kaHulumeni nakubo bonke omasipala okungadingekile uma kubhekwa ubumqoka bezakhiwo zokuxhumana zikaHulumeni.

"Sikuqaphele ukuthi imali eningi iyadingeka ukuba yabelwe izinhlaka zokuxhumana zethu kubo bonke omasipala ukuze bezokwenza umsebenzi ngendlela," kuphetha uNxumalo.










**Emizamweni yokuqinisekisa ukuhlinzekwa kwezinsizakalo emphakathini weSifunda iHarry Gwala, aMakhansela aso ahlonyiswe ngamakhono emfundo edingakalayo. Lapha uMasipala Wesifunda iHarry Gwala ube nohlelo lokuqeqesha ngokubusa omasipala.**

# Amakhansela aqeqeshelwa ukubuswa komasipala

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala kamuva nje ubunohlelo lokuthuthukiswa komasipala ngokuqeqeshwa kwamakhansela avela koMasipala Bendawo abakhethelwe ukuba basebenze ngaphansi kweSifunda.

Le yingxenye yohlelo lwezinyanga ezili-12 oluhlose ukuhlomisa aMakhansela ukuze enze kahle umsebenzi wawo okuqinisekisa ukuthi izinsizakalo ziyalethwa kulesi Sifunda.

Imiphumela yokufunda ibandakanya ukuqonda nokuhlaziya umthelela wohlaka lokusebenza kuhulumeni wendawo; ukukwazi ukusebenzisa imigomo yesabelomali kumasipala; ukulungisela nokhlaziya imibiko yezimali zikamasipala.

Imiphumela yokufunda ibuye ifake imigomo yezinhlelo zekhompiyutha ukukwazi ukuphatha imininingo nemibiko efanele ekuphathweni kwezomphakathi.

Ukuqeqesha kubuye kusize ekukhombiseni ukuqonda umsuka nokuqaliswa koMthethosisekelo nokuthilokhu kunamthelela muni koHulumeni Bendawo.

Um a esephothulile aMakhansela azobe esehlome ngolwazi lokuhlonza nelokuchaza kabanzi ngemithetho yomasipala kanye nehambisana nokulawula ekhomba indlela yokusebenza kwansuku zonke kukaHulumeni Wendawo.

Yize uqueqesho lwakamuva luthathe izinsuku ezinhlanu, aMakhansela alesi Sifunda, aqala uqeqesho lwezinyanga ezili-12 ngaphambi kwabanye sebeluqedile uhlelo futhi bazothweswa iziqu maduze.

UMeya uKhansela uZ.D Nxumalo uthe bekusemqoka ukuhlomisa aMakhansela ngamakhono afanelekile  ukuze akwazI ukwenza umsebenzi wawo kangcono futhi athathe izinqumo ezizoba nomthelela omuhle ekulethweni kwezinsizakalo.

“Uma sikhuluma ngokuphathwa kwezimali nokubuswa komasipala sifuna aMakhansela ukuba abe namakhono ukubhekana nanoma iyiphi ingxoxo bese ethatha izinqumo ezifanelekile eziqinisekisa uuthi ziyalethwa izinsizakalo kulesi Sifunda sethu,” kusho uMeya uNxumalo.

Uhlelo lwenzeke ngokoMnyango Wezemisebenzi kuMasipala Wesifunda.

# IKhomishini Yabesimame ibe nesigcawu samasu okuhlelela ukuhlomisa amakhansela esifazane










**Kube yizinsuku ezimbili kwabelwana ngolwazi nangamasu okuhlomisa abesifazane esithangamini samasu okusebenza. Iminyango noMasipala Bendawo kanye noweSifunda bethule amaqhingasu okuqinisekisa ukuthi izwi labo nelabesifazne beSifunda liyezwakala.**

AMAKHANSELA esifazane kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala abe yingxenye yesigcawu esinsukumbili sokuhlela eseiqondiswe ekuhlomiseni bona eXobho ngaphansi kwesiqubulo esithi: "Ukufaka abaholi ugqozi ukuze abesifazane babe ngabanamandla kwezomnotho futhi babe namakhono anele emphakathini wethu".

Inhloso yalesi sigcawu wukubheka inqubekela phambili ekhona kumanje eyenziwe aMakhomishini Abesimame kubo bonke oMasipala Bendawo ngaphansi kweSifunda kanye nokudingida amaqhingasu okuqinisa umsebenzi waMakhomishini ukukhulusa izindaba zabesimame kuso sonke isifunda.

USekela Meya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uT.N Jojozi, ugcizelele, emazwini akhe okuvula umhlangano, ukuthi abesimame baleli lizwe baneqhaza elibalulekile lokuqinisekisa ukuthi banezwi ekwakhiweni kwenqubomgomo njengoba ibathinta ngqo, nokuthi banomsebenzi wokuqinisekisa ukuthi bathola isabelomali esanele sezinhlelo eziphathelene nabesifazane.

"Kufanele sisisebenzise lesi sigcawu ukuze sethule izidingo zethu njengabesifazane balesi Sifunda. Kufanele futhi sisebenzise leli thuba ukusho ukuthi sidinga isabelomali esithe xaxa ukusizokwazi ukuba nomthelela obonakalayo ukuguqula impilo yabesifazane kuso iSifunda sethu ikakhulukaz ikulabo abasezindaweni zasemakhaya abolokhu besalele emuva isikhathi eside," kusho uJojozi.

USihlalo weKhomishini Yabesifazane uKhansela uZ.P Dlamini uthe, amazwi abesifazane kufanele azwakale futhi kube nezinguquko ezinohlonze kufanele ziholwe yilawa makhomishini.

Izikhulumi eziqavile zalesi sigcawu bekuwuMnu. uTim Dennis, okhuthaze aMakhansela esifazane nabaholi besifazane bomasipala balesi Sifunda ukuba babe ngabaholi abaqotho babe yisibonelo esihle emphakathini.

IKhomishini Yabesifazane linekomidi elikhona ngokweSigaba 79 (a). le komidi ibika ngqo eMkhandlwini. Ikomidi liyasebenza futhi lihlangana njalo ngezinyanga ezintathu futhi linesabelomali minyaka yonke.

Ikomidi linosihlalo naMakhansela ali-14 neZinhloko Zeminyango ezimbili zabesifazane, iSikhulu Sezemisebenzi, izimeneja ezinkulu zabesifazane neSikhulu Esiphezulu seHarry Gwala Development Agency.

Inhloso esemqoka yeKhomishini Yabesimame ukukhuphula ukubandakanyeka kwabesifazane ebuholini nasezikhundleni ezibalulelkile kohulumeni bendawo ukubheka nokulinganiseka ngokobulilikohulumeni bendawo kanye nokubahlomisa njengabaholi kwezepolitiki ukukhuthaza abesifazane emawadini noma emiphakathiniyabo. Ibuye ifune ukusebenza okugcwele kwamakomifi ngokweSigaba 79(a) kubo bonke omasipala abangaphansi kweSifunda iHarry Gwala.

Imisebenzi esemqoka yeKhomishini Yabesimame yilena elandelayo, kodwa engagcini kulokhu:

- Ukuthuthukisa Ukulinganiseka Nokulingana Kobulili
- Ukusebenzela ukwakha ubunjalo baMakhansela esifazane ukuze ahlome ngokwanele
- Ukuqinisekisa ukuqondisa ngobulili kanye nokulinganiseka ekuhlungeni komasipala
- Ukuqisekisa kabusha nokuqinisa ukusebenzisana nokuxhumana okulekelela abesifazane kuhulumeni wendawo nakweminye iminxa kahulumeni nasemphakathini
- Ukukhuluma nomkhandlu nezakhiwo zawo ezindabeni zokuhlomisa okuthinta abesifazane ekulawuleni, kupolitiki nasemphakathini.



**ISifunda iHarry Gwala neHarry Gwala Development Agency bahambele amabhizinisi nesizinda ukunikeza usizo olidingakalayo oluzoqinisekisa ukuthi kuyasimama futhi kuyaphumelela.**

# UMasipala Wesifunda iHarry Gwala neHGDA balekelela amabhizinisi asafufusa

EMIZAMWENI yokukhulisa amabhizinisi asafufusa njengengxenye yokufukula umnotho weSifunda kanye nokuvula imigudu yokwakha amathuba emisebenzi, uMasipala Wesifunda iHarry Gwala ubambisene nohlaka lwawo iHarry Gwala Development Agency (HGDA) bagxile ekusizeni amabhizinisi asafufusa endawo (ama-SMME).

UMasipala Wesifunda ne-Agency banikela ngezinto zokusebenza emabhizinisini endawo ngokusebenzisa uphiko iLocal Economic Development (LED) ngokwezicelo ezatholakala zicela usizo emebhizinisini abo.

UMeya Wesifunda uKhansela uZD Nxumalo, uSomlomo kaMasipala uKhansela uMSD Mdunge neSikhulu Esiphezulu se-Agency uNks u-Antoinette Whyte badlulise ngokusemthethweni iminikelo kubo bonke oMasipala beSifunda.

Baqale eKokstad lapho bemukelwe khona kahle uSekela Meya kaMasipala iGreater Kokstad uKhansela uK. Walker ngesiwombe sokuqala sokudluliselwa kwempahla.

Lo mshikashika uqonde ukwakha isikhwama kanye nokwenza kubekhona izinto zokusebenza ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi ukulekelela okwanele kuyahlinzekwa ukuze kuthuthuke ukusimama kwamabhizinisi asafufusa akhona kulesi Sifunda.

UKhansela uJ. Msiya uhlanganyele ngesiwombe sesibili eMzimkhulu kwathi uMeya kaMasipala Wendawo uBuhlebezwe uKhansela uB. E. Ngubo wahlangayela eziwombeni ezimbili zokugcina eXobho.

Zonke izithunywa koMasipala Bendawo



**UMhlonishwa uMeya Wesifunda u Khansela uZ.D Nxumalo nenoSomlomo uKhansela uS. Mdunge bahambele amabhizinisi sezizinda.**

badlulise ukubonga okukhulu ngalo mshikashika bethi uzoba nomthelela omkhulu omuhle ekuthuthukeni kwamabhizinisi endawo nokukhula komnotho wendawo.

UNks uBuhle Bhengu umnikazi webhizinisi elihlinzeka izidingo zokudla ongomunye wabahlomulile uncome wathi: 'Egameni labo bonke labo abahlomulile namhlanje ngibonga kakhulu iHarry Gwala Development Agency ikakhulukazi uNks uWhyte ngokusisiza sikhule emabhizinisini aseveli esebenza. Kuyasithokozisa kakhulu ukuthola izinto zokusebenza okuzonyusa ukukhiqiza futhi sizolokhu sikhula.'

Enkulumeni yakhe uKhansela uZD Nxumalo, uMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala ubonge futhi wakhuthaza iSikhulu Esiphezulu seHGDA kanye nethimba lonke ukuba baqhubeke basebenze bangaphaleli amandla ekunothiseni umkhakha wamabhizinisi kulesi Sifunda njengoba kwenza kube lula kubantu bendawo ukuba bafinyelele ezinsizakalweni ezahlukene ngaphakathi kuso iSifunda njengoba bengeke bahambe amabanga amade ukuyothola izinsizakalo ikakhulukazi lezo ebezingatholakali kalula kuso iSifunda.

Phakathi kwezinto okunikezelwe ngazo bekukhona amapitsi, amajeneratha, okwamasaluni, isitofu segesi, amabhodwe nokunye okuyizidingo zosomabhizinisi abasafufufusa ngokwemisebenzi yabo.

Umcimbi uphethwe yiSikhulu Esiphezulu seHarry Gwala Development Agency uNks u-ACR Whyte ngokuthatha izihambeli ezihambisa lapha elokhu echaza ukuthi yiziphi izinsizakalo ezitholaka lapha. UMasipala Wesifuna iHarry Gwala



ubambisene neKhomishini Yokhetho Ezimele (IEC), bahlangane eMzimkhulu TVET College kamuva nje ukuzobungaza iNyanga Yabesimame.

Umcimbi ubuhlose ukunika amandla abesifazane ngezindlela abangzihlomisa ngazo, babambe iqhaza labo emphakathini nakwezepolitiki futhi babye baqinise indawo yabo kwezomnotho nasekuthuthukeni komphakathi.

Abesifazane abaqhamuka ezindaweni ezahlukile bahlanganile bemoyamunye bebhiyozela ubuqhawe babo emphakathini wonke. Egameni labesimame beSifunda iHarry Gwala, uSekela Meya kaMasipala wesifunda iHarry Gwala uKhanela uTN. Jojozi ube ngomunye wabehluleli bosuku. Phakathi kwezihambeli bekukho uMeya kaMasipala Wendawo uMzimkhulu uKhansela uJ. Msiya, abaphathi nezikhulu ze-IEC kanye noMasipala wesifunda iHarry Gwala.






**UMnyango Wezokuhweba, Izimboni Nokuncintsana uhambele iSifunda ukuqeda ububha kanye sokusiza amabhizinisi endawo.**

# ISifunda iHarry Gwala iqinisa ubudlelwano noMnyango Wezohwebo Nezimboni ukulwa nobubha

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala ubeke indlela yokulwa nobubha kwelinye izinga ngokuba uqinise ubudlelwano neminyango kaHulumeni ukuqinisekisa ukuthi ubhekana nobubha nokusweleka kwemisebenzi mahlanze kulesi sifunda.

ISifunda, kamumuva nje, sibambisene noMnyango Wezohwebo, Izimboni Nokuncintisana ukuqinisa amaxhama sihlangene noMasipala abangaphansi kwaso ukubhekana nezindaba eziholela ebubhenì esifundeni sonke.

ISifunda iHarry Gwala singesinye sezifunda ezikhungethwe ububha obukhulu esifundazweni iKwaZulu-Natal njengoba sinoMasipala bezindawo zasemakhaya abaningi.

Le ndawo inezolimo kakhulu kodwa umhlaba usaphethwe ngabambalwa, nokho isifunda siyaqhubeka nokuthatha amagxathu abonakalayo futhi siqinisekisa ukuthi kube noguquko ukukhuthaza intsha kwezolimo okuyizona ezisemqoka ukusimamisa umnotho esifundeni.

ISifunda besinomhlangano wokucobelelana ngolwazi kwezamabhizinisi ePeace Initiative Hall eXobho sibambisene noMnyango Wezohwebo, Izimboni Nokuncintsana lapho bekukhona uSekela Ngongqongqoshe woMnyango uNomalungelo Gina.

Inhloso yohlelo bekuwukufukula imiphakathi mayelana nokuthuthukisa amabhizinisi. USekela Meya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uT.N. Jojozi, uSomlomo kaMasipala uKhansela uM.S.D. Mdunge noMeya kaMasipala Wendawo uBuhlebezwe uKhansela u-E.B. Ngubo babe yingxenye yomhlangano wokucobelelana ngolwazi ukuqinisekisa ukwenza ngcono impilo yemiphakathi kulesi Sifunda.

Ekhuluma emcimbini uKhansela uJojozi uncome kakhulu imishikashika enjengalena ethi isemqoka kakhulu njengoba ihlose ukuphakamisa isifunda esikhungethwe ububha.

Ujabule kakhulu ukuthi uMnyango ukwazile ukuhlonza iSifunda sabo ukuba siqinisekise ukuthi indawo kancane kancane iyabubalekela ububha futhi iba yiSifunda esiba nomnikelo omuhle emnothweni jikelele wesifundazwe.

USekela Ngqongqoshe uGina ubuye wahlonza amaphrojekthi eminyangweni eyahlukene azobe ebhekwe ngehlo lokhozi ukuze kubonkale umthelela wawo futhi abuye athole ukulekelelwa ngqo wuMnyango wakhe ukuqinisekisa ukuthi kuhlomula intsha yeSifunda.

Ukhathazekile ngokuthi abasunguli namabhizinisi kusahluphekela ukufinyelela ekutholeni usizo lwezimali ezweni lentandoyeningi kodwa waqinisekisa ukuthi sebethatha amgxathu ukuba basombulule izingqinamba. Nokho, inhloso enkulu yosuku bekuwukuqeda izithiyo futhi yakhe inkundla yokuhlomisa osomabhizinisi beSifunda.

Ababambiqhaza abehlukene babe yingxenye yomcimbi lapho bebekhangisa khona endaweni ebicazwe kahle yokuziveza.

Izikhungo eziphathelene nokuthuthukisa amabhizinisi okubalwa iSEDA, iSEFA, ITHALA nezinye eziningi zibe yingxenye yabazibonisayo ekusizeni ukugqugquzela abasafisa ukusungula ngezindlela zokuqonda ukwazi ukuqala ibhizinisi nokufinyelela ekutholeni usizo lwezimali kanye nokukhombisa osomabhizinisi izikhungwana ezisiza ngezinhlelo zokubhalisa.

# IHarry Gwala ibambisana ne-IEC ukubungaza iNyanga Yabesifazane












**Emizamweni yokufundisa abesifazane ngelungelo lokuvota nangelungelo lokuba yingxenye yokhetho i-IEC ihlangene neSifunda babungaze iNyanga Yabesifazane ndawonye.**

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala bebambisene neKhomishini Yokhetho Ezimele (IEC) bahlangane eMzimkhulu TVET College, embungazweni weNyanga Yabesifazane.

Umcimbi kuqondwe ngawo ukubanikezela ngolwazi abesifazane ukuba bazihlomise bona ngokwabo, babambe iqhaza emiphakathini, kwezepolitiki, kwezomnotho nakwezentuthuko emphakathini. Abesifazane abavela emazingeni ahlukene babuthane bethakasile ukuzogubha ukubandakanyeka kwabo kobuqhawe kuwo wonke umphakathi.

Egameni labesifazane beSifunda iHarry Gwala uSekela Meya kaMasipala wesifunda iHarry Gwala uKhansela uT.N. Jojozi ube ngomunye wezikhulumi zosuku. Bekukhona noMeya kaMasipala Wendawo uMzimkhulu uKhansela uJ. Msiya, abaphathi nezikhulu ze-IEC noMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

Emyalezweni wakhe wokweseka, uNkk uMasinga, oyiSikhulu Sokhetho Esifundazweni ukhuthaze abesifazane ukuba basekane futhi bakhane kuyo yonke imikhakha yempilo. Ubuye wathi abesifazane bangumgogodla wesizwe.

UKhansela uT.N Jojozi unikezwe umsebenzi wokugxila ikakhulukazi kumantombazanyana asemancane aziwa ngokuthi 'ama 2k', enqubeni yentandoyeningi enkulumweni yakhe ethe: "Kunesikhala esikhulu okufanele sigcwaliswe ngamantombazane asemancane ekukhuleni nasekuthuthukeni kweNingizimu Afrika yonke.

Abesifazane siyakhuthaza kakhulu ukuba zibe ziningi ekumeleleni abesifazane emikhakheni ehlukene."

Qhube wathi uyakujabulela ukuba yingxenye yoMkhandlu kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala Council enabesifazane abaningi.

# Kufakwe ama-alamu okuqaphisa umphakathi waseShayamoya uma kusha umlilo








**Ukunciphisa umlilo ezindaweni ezineminjondolo uMnyango Wokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZoMdabu (Cogta) KwaZulu-Natal, ubambisene nabezinhlekelele kuMasipala wesiFunda noMasipala waseBuhlebezwe, basebenzisene ukufaka kwezihlonzintuthu (ama-alamu), akhalayo uma kunokusha okukhona, ukuze kuzoqaphisa abahlala kulendawo ngobungozi bomlilo. Kufakwe kwezihlonzintuthu kwenziwe emakhaya angaphezu kwama-60 eShayamoya. Amalungu omphakathi awuncome kakhulu lo mshikashika owenziwe yiSifunda, uMasipala uBuhlebezwe noMnyango.**

UKUNCIPHISA imililo yasezindaweni abahlala kuzo, uCogta waKwaZulu-Natal uPhiko Olulawula Izinhlekelele bababambisene nezinhlaka zezinhlakelele kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala noMasipala Wendawo uBuhlebezwe bafake ama-alamu axwayisa futhi ahlonza umlilo esigodini iShayamoya eXobho. Ama-alamu omlilo ahlonza intuthu asehaqwe umlilo bese ebikela omakhelwano ukuba basize ukuhlenga abantu.

Angaphezu kwama-60 ama-alamu ahlonza intuthu afakiwe kule ndawo.

Amathimba alawula izinhlekelele ahambele kule ndawo achaze lokhu njengesixazululo emililweni equbuka emadlangaleni.

Inhloso yokufaka lezi izihlonzintuthu ukunciphisa izigameko zemlilo, ikakhulukazi emadlangaleni kwesinye isikhathi kuze kuholele ekufeni.

I-alamu yomlilo ikwazi ukuhlonza intuthu ebangeni elingamamitha ali-10.

Lokhu kuyindlela engcono kakhulu yokunqanda imililo emadlangaleni ngoba uma i-alamu ike yahlonza ukuthi kunentuthu endlini iyakhala ngalokho ibikela omakhelwane ukuthi kunenkinga.

UMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo uthe lona ngumshikashika omkhulu wendawo.

"NjengeSifunda sithakase kakhulu ngalo mshikashika ongahle uphephise impahla uphephise nempilo yabantu uma kwenzeka behlaselwa umlilo," kusho uNxumalo.

UZibuyile Mkhize, ohlomulile, uthe ukuthakasela kakhulu ukuba ne-alamu ehlonza umlilo edlangaleni lakhe.

"Le ndawo ayiphephile, umlilo ungaqubuka noma kunini njengoba nginale alamu ngizizwa ngiphephile. Kuyajabulisa ukuthi sinalesi sikhali esihlome ngaso. Kungenzeka noma yini emakhaya ethu. I-alamu yokuqapha umlilo izosisiza futhi isixwayise ngomlilo usekude. Sizophepha nezingane zethu," kusho uMkhize.










**Bekuwusuku oluhle lokubungaza ukusebenza kanzima nokuzinikela kwaMakhansela Esifunda kanye nesisebenzi esenze ezibukwayo saphumelalela ngamalengisi sizuza iNQF Level 5 in National Certificate in Municipal Governance neNQF Level 6 in Municipal Finance Management.**

# Imfundo iyikhono elidingakalayo ekuletheni intuthuko emphakathini

BEKUWUMCIMBI ojabulisayo kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala kamuva nje lapho aMakhansela abenqamula esiteji ehamba ngokuzigqaja nangokuthokoza eThekwini ngesikhathi sokwethweswa kwawo iziqu okungamagxathu asebewahambile empilweni ohambeni lwawo lwezemfundo.

AMakhansela ayisishiyagalolunye kubandakanya uSomlomo, uSekela Meya noSotswebhu bathweswe iziqu ze National Certificate in Municipal Governance NQF Level 5 kwathi esinye sezisebenzi sathwesa iziqu kuNational Certificate in Municipal Finance Management NQF Level 6. USekela Meya uKhansela uT.N. Jojozi, uSomlomo uKhansela uM.S.D. Mdunge, uSotswebhu Omkhulu uKhansela uN. Mhatu, uKhansela uZ.R. Tshazi, uKhansela uN.W. Dladla, uKhansela uT.G. Soni naMakhansela angaphambilini eSifunda iHarry Gwala uKhansela uN. Siziba, uKhansela uZ.C. Khumalo noKhansela uL.A. Zondi, bonke baphase ngamalengisi, nomsebenzi kaMasipala uNk uK Khathi uzuze iNational Certificate in Municipal Finance Management.

Ehalalisela abathweswe iziqu, uMeya Wesifunda uKhansela uZ.D Nxumalo uthe bekuyiskhathi sokuzigqaja lesi futhi uyathemba ukuthi kuzosiza ukuqinisekiseni ukuthi intuthuko ifika ngokushesha emphakathini.

"Ngihalalisela bonke labo abathweswe imiyezane. Impela, leli igxathu elimqoka kuMakhansela njengoba kusho ukuthi azoba nomthelela omuhle uma kuthathwa izinqumo ngezindaba zokuhlinzeka intuthuko emphakathini. Imfundo idingeka kakhulu kuwo uMkhandlu wethu njengoba kudingeka babe nolwazi ngemithetho, ezezimali nenqubomgomo komasipala. Sidinga izisebenzi naMakhansela ahlomile futhi anamakhono okwenza umsebenzi wawo ngokwezinga eliphezulu. UMasipala uzoqhubeka nokutshala imali emfundweni ukuze aMakhansela nezisebenzi bathole amakhono adingakalayo," kusho uMeya uNxumalo.

UKhansela uZ.R Tshazi, uthe emcimbini wokwethweswa iziqu bayalithakasela ithuba abalinikwa nguMasipala ukuze baqhube izifundo zabo.

"NjengaMakhansela savotelwa ukuba sibe yingxenye yoMkhandlu iminyaka emihlanu. Uma ungene unoMatikuletsheni kuphela akufanele uze uqede isikhathi sale minyaka usalokhu ulapho ngezemfundo. Udinga ukuba uzejwayeze nenqubomgomo. Kwesinye isikhathi kudingeka ukuba wazi ulimi lomkhakha namatemu okusemqoka ukuba ukuqonde okusuke kukhulunywa ngakho. Lezi ziqu zizosisiza ukuba siwuqhube kangcono uMasipala futhi siqinisekise ukuthi izinsizakalo ziyalethwa emphakathini wethu," kusho uKhansela uTshazi.

USolwazi uKingston Shabangu, uMqondisi Ophethe waseBantubanye Skills, uhalalisele abathweswe imyezane.

"Izilokotho zinifanele nonke ngomsebenzi onzima nokuzimisela kwenu. Manje sekufanele nikusebenzise lokho enikufundile ezimweni zomsebenzi ukuze nithuthukise ukukhiqiza kwenu lapho nisebenzela khona. Ninesibopho sokusebenzela ukuthi izwe lethu libe ngelingcono okungaphilwa kulo kanye nokubhekana nezinselelo zomphakathi futhi nisimamise izinsizakalo ezinhle ezisezingeni eliphezulu ngaso sonke isikhathi," kusho uSolwazi uShabangu.








**Isithangami esizophuthumisa ukuhlinzeka ngezinsizakalo sethulwe uMasipala Wesifunda iHarry Gwala. Amalungu omphakathi abekhona.**

# I-HGDM Forum yethulwa kabusha

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala ube Nokwethulwa Kabusha Kwezithangami ePeace Initiative Hall eXobho, ngeNyanga Yentsha.

Bonke oMasipala Bendawo babe yingxenye yalo mshikashika ukwakha uhlaka lokusebenza lwezakhiwo ukuze kube nokusebenza ngokuhlanganyela kumasipala ukuthuthukisa nokukhuthaza ubudlelwano esifundeni nakomasipala bendawo nakuyo yonke imiphakathi endaweni.

Lezi zakhiwo zikhona ukuze zihlinzeke izindlela zokusebenza nenqubo ukuphuthumisa isixazululo sezingxabano ngaphakathi kuhulumeni; kanye nokuhlinzeka izindaba eziphathelene nalokhu.

USekela Meya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uT.N. Jojozi ngesikhathi senkulumongqangi yakhe ubonge ozihlalo bezithangami ngokuzinikela kwabo ngokuphelele ekusizeni imiphakathi ngaphandle kokulindela inkokhelo.

"Umphakathi uyadinga ukuba ufundise futhi waziswe ngezindaba eziphathele nawo okuyisizathu sokuthi kube khona lezi zithangami. Ngiselapho, nginxusa zonke izakhamuzi ukuba zibambe iqhaza ekwenzeni ngcono iNingizimu Afrika. Sebenzisani lesi sithangami ukuba nezingxoxo ngezempilo nakho konke okunye okuyingcindezi emphakathini lapho ningezwakalisa khona izwi lenu nibeka okunikhathazayo nifune nosizo. NjengoMasipala sikhona ikuba sineluleke futhi sinisize," kusho uSekela Meya.

Phakathi kwabanye ababekhona singabala uSomlomo kuHGDM uKhansela uM.S.D. Mdunge, uSekela Meya kaMasipala Wendawo uBuhlebezwe uKhansela uZ.L. Miya.

Ukwethulwa ngokusemthethweni izithangami kuqhutshwe kanje:

- Isithangami Samadoda
- Isithangami Sabesimame
- Isithangami Sobulili
- Isithangami Sabakhubazekile
- Isithangami Sezenkolo
- Isithangami Sezakhamuzi Ezikhulile.

Ababambe iqhaza njengoMnyango Wemfundo, iKhomishini Yokhetho Ezimele (IEC), uMnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko babe yingxenye yalolu hlelo.







**Bekukuhle kudelile lapho intombazane icule yasina ngokuziqhayisa emkhankasweni iBehavioural Change Campaign Emqatsheni e-Underberg.**

# IZIMBALI ZEHARRY GWALA ZILOKHU ZIQHAKAZILE

IZINKALO bezilokhu zizinhle ngesikhathi 'izimbali' ziqhamuka kuyo yonke indawo kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala zehlela emzini weNduna u-A.B. Duma eMqatsheni e-Underberg kamuva nje njengengxenye yohlelo ngaphansi lomkhankaso iBehavioural Change Campaign.

Umkhankaso awuzange ujabulise kuphela izintombi kodwa wonke umbuso wesifunda. Injabulo nokuzigqaja bekubonaka kuzo zonke izikhulumi obekuyinkomba eyanele yokuthi isiko lokugcina ubuntombi lisahlonishwa kakhulu njengoba liyingxenye yezikhali ezisemqoka ukulwa nokusabalala kwezifo zocansi okungenye yezinselelo eziningi eNingizimu Afrika elokhu izabalaza ukulwa nayo iminyaka.

Emazwini akhe okwamukela, iNduna u-A. B. Duma udlulise amazwi okubonga futhi wakhombisa ukuzigqaja okukhulu ngezintombi ngokwenza iSifunda siziqhenye nokuthi zona ziyizimbali ezilokhu ziqhakazile endaweni.

Lo mshikashika ube yimpumelelo ngenxa yababambiqhaza abanjengoMasipala wesfunda iHarry Gwala, uMnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namsiko KwaZulu-Natal, uMnyango Wezenhlalakhle, uMnyango Wezempilo, umbutho wamaphoyisa (SAPS), kanye nezinhlangano ezehlukene zendawo ezizimele.

Bekuhloswe ukufundisa nokusimamisa isiko lendabuko lezintombi lokuzigcina zimsulwa ngokuqhubeka ukugcina ubuntombi bazo.

Kubuye kukhuthaze futhi kwamukele amatshitshi ukuba abhiyozele ubuntombi bawo baze bakhule ngokwanele ukuba bahambe uMkhosi WoMhlanga.

Emele uMeya Wesifunda enguZ.D. Nxumalo, uKhansela uS.G. Mkhize uthe; 'Kuletha injabulo enkulu ukubona ukuthi ubuhle obumsulwa busekhona, ikakhulukazi uma sibona izintokazi zethu zizigcinile zimsulwa. Lokhu kuzigcina kuzonisiza nihlale niphephile ezifweni zocansi ezithathelanayovfuthi kuninikeza ukuhlonipheka nodumo losiko lwethu njengama-Afrika. Lo mcimbi uveza ukubaluleka okusemqoka njengoba ube khona ngenyanga eyandulela eyoMkhosi WoMhlanga," kusho uKhansela uMkhize.

Esevala uMnu uMusa Mseleku weluleke amatshitshi nezintombi ukuba baqhubeke nokuzinakekela futhi baziqhenye ukuze isiko lihlale liphila.






**AMakhansela nezikhulu bakhuthaze intsha ukuba iziphathe kahle ukuze ibhekane nemikhuba esemphakathini futhi ukuze ibe nekusasa eliqhakazile.**

# “Qhubekani nilokhu nisenza siziqhenye”

“UMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo ubeqondise eqenjini lebhola lomnqakiswano iDistrict Netball Team elinqobe isicoco i-2023 Telkom Junior Champions”










**Iqembu lebhola lomnqakiswano iHarry Gwala District Under 19 lenze uMeya Wesifunda uKhansela uZ.D Nxumalo waziggqaja ngalo uma linqoba i-2023 Telkom Netball Junior Championship ebidlalelwa eCape Town.**

UMEYA Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo usencome iqembu lebhola lomnqakiswano iHarry Gwala District's Under 19 ngokubeka iSifunda esicongweni kwezemidlalo ngokuhlwitha isicoco ngokuba ngabanqobi be-2023 Telkom Netball Junior Champions.

Lokhu kuze emveni kokuba yingxenye yomqhudelwano wamaqembu ali-14 obubanjelwe eDF Malan High School, eBelville eCape Town, lapho banqobe khona kowamanqamu bedlala neqembu lasEkurhuleni. Le midlalo yathatha izinsuku ezine lapho bafinyelela khona kowamanqamu babhudluza iqembu lasEkurhuleni ngama-51 kwama-22. Lokhu kwaholela ukuba bathwese umqhele i-2023 Telkom Netball Junior Champions.

UMeya uNxumalo uthe bayikusasa lebhola lomnqakiswano wabuye wahalalisela iNetball Federation yeSifunda. “Njengesifunda sihalalalisela iHarry Gwala Netball Under 19 ngokuba bathwese umqhele wokuba ngopmpetha. La matshitshi ayikusasa lebhola lomnqakiswano,” eqhuba ethi; “Siyabakhuthaza ukuba baqhubeke basebenze kanzima futhi siyethemba ukuthi sizakuba bona ngelinye ilanga bemele lesi Sifunda sethu eqenjini likazwelonke.”

UMeya ubuye wahalalisela umqeqeshi nethima balaluleki lonke, iNetball Federation yeSifunda, nabo bonke ababambe iqhaza ekuqinisekiseni ukuthi ibhola lomnqakiswano liyakhula.

UMeya uNxumalo uthe iqembu lika-Under 19 likhuthazeke ngokubukela kuRefiloe ‘Fifie’ Nkentsa waseShayamoya eKokstad omele iSifunda eqenjini lesizwe lomnqakiswan iProteas njengoba edlale emqhudalanweni womhlaba iNetball World Cup obuseCape Town kamuva nje.

Iqembu lika-Under 19 lithole izindondo zegolide ngokuba ngompetha kwathi omunye wabadlali wamenywa ukuba azokwenza izivivinyo zika-Under 19 S.A Team.

USihlalo weNetball Federation eHarry Gwala uNks uNonhle Nkomo uthe uyaziqhenya ngeqembu wabuye wabonga uMasipala ngokufaka isandla. “Kwaba yithuba elihle lokuthi amantombazane ka-Under 19 abonakalise iziphiwo zawo nokudlala ngokuzimisele beze bebe ngompetha. Ngimele iHarry Gwala Netball, ngithanda ukubonga uMasipala Wesifunda ngokulekelela ngezokuthutha kulo lonke uhambo lwethu saze saba ngompetha.”

“Sibonga futhi abakwaDSAC baseHarry Gwala DSAC abasiseke ngezokulala, mangisho kugcwale umlomo ukuthi asilutho ngaphandle kwalabo abababamba iqhaza ukuze sikwazi ukuqhubeka sidlale,” kusho uNkomo.

UNkomo ubuye wahalalisela umqeqeshi uBerto Mnikina, wathi; “Siyaziqhenya ngomqeqeshi futhi sijabule ngokuthi baphakamisela phezulu iflegi leSifunda iHarry Gwala. INetball World Cup ibimangalisa futhi isebenze kakhulu ukugqugquzela abadlali balapha ukuba bazimisele.




**Bekuyiskhathi sokuziqhayisa izisebenzi zeSifunda iHarry Gwala zimele uMasipala emidlalweni yokusebenza ubuye udlale ebizwa ngokuthi Umngeni-Uthukela Work and Play Games ebidlalelwa eStanger.**

# Kusemqoka ukusebenza ngokuzikhandla nokuphinde udlale, ubenomfutho

UKUGQUGQUZELA ukuzwana nomoya wokusebenzisana, Umngeni-Uthukela Water ube nemidlao yaminyaka yonke yabasebenzi ebiseStanger.

Lemidlalo0 kukhuthaza ukuphila kahle nokwakha ukusebenzisana futhi uthuthukisa izinga lokusebenza kubasebenzi abavela ezinhlanganweni ezahlukene.

"Ukwakha ubudlelwano nokusebenzisana okuhle nabathengi kwakha impumelelo yesikhathi eside kanye nokusimama kwebhizinisi, yingakho kukuhle ukubeka eqhulwini imidlalo yaloluhlobo," kusho uMnu uS. Dlamini wakuMasipala Wesifunda Ilembe ekhuluma emcimbini wemiklomelo ephetha lo mshikashika.

Ukuba nokuhlangana kulemidlalo kuqinisa ekwethembekeni nasekuxhumaneni nabathengi ukuba bazizwe bephephile futhi behlala bethenga njalo.

Izisebenzi zikaMasipala Wesifunda iHarry Gwala, zikaMasipala Wesifunda Ilembe, ezeSiza Water, ezoMngeni Water, zikaMasipala Wesifunda Ugu, zikaMasipala uMsunduzi, zikaMasipala Wesifunda Umgungundlovu, zaseMsinsi Resorts nezakuMasipala iKing Cetshwayo zibe yingxenye kule midlalo.

Ibhola lomnqakiswano, ivolibholi (Volleyball) nonobhutshuzwayo. Iqembu Ugu liphume phambili kwathi i-EThekwini yanqoba kunobhutshuzwayo. Iqenbu labesifazne levolibholi laseHGDM laba ngelesibili kwathi elabesilisa kuyo ivolibholi lala isithathu. Kube yiqembu labesilisa laseMsunduzi elizholekwaze kwaba sekugcineni lanqoba libuyisela udumo kuCity of Choice.

Kube yintokozo kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala ukuthi kube namaqembu abuye nezindondo, bawumele kahle uMasipala kulo lonke uhlobo lomdlalo. Egameni likaMasipala Wesifunda iHarry Gwala, uMnyango Wezemisebenzi ugqugquzele zonke izisebenzi ukuba zibe yingxenye kule midlalo njengoba kuba nemiphumela emihle ekusebenzeni kwazo.







# UMeya uNxumalo uthi: "Sizoshaya uphawu olungasoze lwacima"

**UMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uNxumalo umile ekutheni umjaho wamahhashi iHarry Gwala Horse Racing uzoba ngophakeme kakhulu futhi ube ngogqamile nowubukhazikhazi ozoheha abatshalizimali abanohlonze**




**IHarry Gwala District Summer Cup yethembisa ukudlondlobala ifike ezingeni leDundee July njengoba minyaka yonke ikhula.**

NJENGENGXENYE yokuthuthukisa imidlalo yendabuko esifundazweni iKwaZulu-Natal, uMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo usencome ukuthuthuka okukhulu nokubonakalayo komcimbi waminyaka yonke womjaho wamahhashi iDundee July.

"Silandela ezinyathelweni zawo futhi njengeSifunda siyaziqhayisa ngentuthuko esesibe nayo ngowethu nathi, umcimbi ofanayo, osuyingxenye yokthuthukisa umnotho kuhambisa nomnotho wasemakhaya nowasemalokishini.

Ukuphawula kukaMeya kuqutshulwe ukuba wundabamlonyeni komjaho wamahhashi iDundee July, olokhu kancane kancane uya ufana neDurban July egqamile newubukhazikhazi edonsela abantu bomhlaba esifundazweni iKwaZulu-Natal.

Ukusho lokhu edlulisa ukubonga kubagibelimahhashi baseHarry Gwala ababe yingxenye yomjaho benamahhhashi abo aphume phambili kwayishumi emjahweni walo nyaka.

Umjaho i-2023 Dundee July yenze ngaphezu kobekulindelekile kuyo yomithathu iminxa esemqoka yonyaka okuwumjaho wamahhashi, imfashini nokunjabulisa.

Lo mjaho obuwubukhazikhazi ubuhlelwe uMnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko ngokubambisana noMasipala Bendawo, inhlangano iKZN Traditional Horse Racing and Breeding Association, babanye ababambe iqhaza.

Njengoba iDundee July igxile kakhulu emjahweni wamahhashi, kojokhi, nasemahhashini aqeqeqeshwe kahle beyimagange ivivela ukuba ukuba itshengise amandla ayo kulomdlalo odlondlobalayo.

Kube nemijaho elishuminambili lapho





**Imfashini, umjaho wamahhashi wasemakhaya nokuzijabulisa bekwenzeka ngosuku lweDundee July. Ujokhi weSifunda ithe Harry Gwala usimelekahle iSifunda.**

umjaho onkhulu unqotshwe nguLindani Dube wasesifundeni iMpumalanga obegibele ihhashi lakhe elinqobile u-Alpha and Omega.

Ujokhi weSifunda iHarry Gwala uKhanyisa Mbhele nehhashi u-Eliya unqobe umjaho wesi-7, kwathi ujokhi uSivuyile Kabele wala isine emjahweni ofanayo egibele ihhashi uChitha, kwazothi uMkhulise Lincura yena nehhashi uZahlangana waphuma isibili emjahweni we-10.

Amanye amahhashi abekhona kuDundee July aqhamuka kulesi Sifunda kube uSlingo, uNdlondlo, uVulakuvaliwe, uGqokelaphandle, noLaptop ukubala ambalwa.

Ubuholi, izimenenja, nezikhulu zeSifunda bebehambele umcimi ukuzimamisa ojokhi nomjaho wasemakhaya.

Umjaho weSifunda iSummer Cup uzoba sekupheleni konyaka. UKhansela uNxumalo ubuye wahalalisela amahhashi abemele iSifunda kwiDundee July.

UMphathiswa wakwaDSAC, uDkt. uNtuthuko Mahlaba, ukuthakasele kakhulu ukuphumelela kwe-2023 Dundee ethi kube ngengcono nephumelele kakhulu.

"Ukukhula kwalo mcimbi kulumbana kahle kakhulu nezihloso zethu zokungcebeleka ngezemidlalo. Lezi yizinhlobo zeminotho ezikhulisa umnotho odingakalayo wamadolobha amancane njengeDundee. Ngiyejabula ukuthi lo mshikashika waqalwa ngabantu bakithi futhi ungakhula udlondlobale uma ulekelelwa ngendlela futhi uxhumana nezinhaka zikaHulumeni nezezimboni," kusho uMahlaba.

Emveni kwayo yonke imijaho, ukuviliyela kwabezemfashini, nokuzithokozisa kosuku, umcimbi we-2023 Dundee July uphothulwe ngokuzijabulisa lapho uMphathi Wohlelo bekunguTha Simelane owaziwa ngoNontandakubukwa. Abantu bendawo bebewahlomele amakhaza asebusuku bajuxuza kwaze kwayosa ngakusasa.







**Ubuholi beSifunda kubandakanya uMeya waseMzimkhulu uMhlonishwa uKhansela uJ. Msiya bahambele iDundee July benamanye aMakhansela nezikhulu zoMasipala Bendawo noweSifunda.**

